PALPRAC
The Association of Palliative Care Practitioners SA
215-486 NPO
930068846 PBO
info@palprac.org
www.palprac.org

IZINSOMI ZE-MORPHINE

I-morphine (ikhambi elinamandla elidambisa izinhlungu) kanye namanye amaphilisi anamandla adambisa izinhlungu kusiza abantu abanezinhlungu eziphakathi nendawo noma ezinamandla ngenxa yokugula obunzima, obufana nesifo somdlavuzo. Ngezinye izikhathi uma ukuthola kunzima ukuphefumula, i-morphine encane ingasiza. Uma isetshenziswe kahle, ngosizo ladokotela noma umhlengikazi, i-morphine ilunge kakhulu ekudambiseni ubuhlungu futhi iphephile. Ukusetshenziswa kahle kwe-morphine kuchaza ukuthi umuntu uzosithatha kahle isibalo se-morphine ngokwenjwayelo ngesikhathi esihlelelwe isiguli. Ingadala imiphumela ejwayelekile evela uma uthatha i-morphine, kodwa siyakwazi ukuyilawula. Kunemibono ehlukahlukene engelona iqiniso nge-morphine, phakathi kodokotela nabantu abajwayelekile. Lokhu kungazi kuchaza ukuthi abantu bahlupheka okudlula lokhu okumele.

Nansi imibono engelona iqiniso esuka nge-morphine, kanye nalokhu okuyiqiniso:

Insomi: Ukuthatha i-morphine kuchaza ukuthi usuzoshona.
Iqiniso: ngenkathi abanye bethatha i-morphine ngenxa yokugula obunzima, abanye abasebenzisa i-morphine baphansi naphezulu bakwazi ukwenza imisebenzi yezinsuku zonke ngoba ubuhlungu babo nezinye izimpawu zilawuliwe.

Insomi: I-morphine ikwenza ushone ngokushesha.
Iqiniso: Uma ithathwa ngenjwayelo ngesibalo esikahle nangesikhathi esihlelelwe isiguli, abukho ubufakazi balokhu. I-morphine kumele isize ngezinhlungu, hayi ukuthi yenze izinto zibe zimbi kakhulu.

Insomi: I-morphine ikwenza uzele noma udideke.
Iqiniso: Ingakwenza lokho ekuqaleni, kodwa lokho kujwayele ukuziphelela emuva kwezinsuku ezi-3 kuya kwe-7 UMA ithathwe ngenjwayelo ngokuyalelwa. Uma kungapheli, kungabe kukhona esinye isizathu, njenge sifo sakho, okumele ukhulume nethimba lezempilo ngakho.

Insomi: I-morphine iyaluthana
Iqiniso: Uma isetshenziswe kahle njengokuyalelwa udokotela, i-morphine ayiluthani.

Insomi: Uma uqala ukuthatha i-morphine, angeke usakwazi ukuyeka, futhi angeke isasebenza ngesinye isikhathi.
Iqiniso: Udokotela wakho uyakwazi ukushintsha ukuthi uthatha engakanani ngokushintsha kwezinhlungu zakho, ukuze uqhubeke uzizwe ungcono.

Insomi: I-morphine kumele isetshenziswe uma izinhlungu zizimbi kakhulu.
Iqiniso: Ngezinye izinkathi, ngisho ubuhlungu bungekho bubi kakhulu, i-morphine encane iyakwazi ukusiza okudlula amanye amakhambi.

Insomi: Ungayithatha nje i-morphine uma uyidinga.
Inqiniso: Isebenza kangcono uma uyithatha ngenjwayelo, mhlambe njalo ngamahora ama-4, ukuze ubugcinele kude ubuhlungu.

Insomi: Uma uzizwa ugula noma ulunyelwa emuva kokuthatha i-morphine, kuchaza ukuthi ayizwani nomzimba wakho.
Iqiniso: Akujwayelekile ukuthi i-morphine ingazwani nomzimba wakho. Ukuzizwa ugula noma ulunyelwa kuyenzeka, kodwa akuchazi ukuthi ayizwani nomzimba wakho. Ukuzizwa ugula kwenzeka kakhulu uma usaqala i-morphine okokuqala, kodwa kuzophela emuva kwezinsuku ezi-3 kuya kwezi-7 UMA uthatha i-morphine yakho ngenjwayelo njengoba uyalelwe. Imithi yokuqeda isicanucanu izoyiqeda leyo mizwa ngazo lezinsuku.

Insomi: Ukusongelwa ngenxa ye-morphine kuchaza ukuthi angeke ukwazi ukuyisebenzisa.
Iqiniso: Ukusongelwa kujwayele ukuvela uma uthatha i-morphine, kodwa uyakwazi ukukulawula ngemithi elungile.

Insomi: I-morphine iyingozi kwinhliziyo yakho.
Iqiniso: I-morphine iphephile kwizitho zomzimba, kubalwe nenhliziyo yakho.

Ukwazi indaba eyiqiniso nge-morphine kungakusiza wenze izinqumo ezingcono ngokuphumuza ubuhlungu futhi uzizwe ukhululekile kakhulu ngokukhuluma nodokotela wakho ngakho.

Scan for more resources